

PULA IMVULA

GROWING FOOD • PEOPLE • PROSPERITY



Thola le-app yesimo sezulu kuselula yakho

UKUPATHWA KWEPULAZI LABALIMI ABALIMA KANCANE (SSF'S) KUVEZA IZINSELELO NOBUNGOZI UKUZIPHILISA. AKUKHATHALEKILE UKUTHI KUKHULU KANGAKANANI, UMLIMI UDINGA UKUSEBENZISA IMITHETHO EZWAKALAYO. ININGI LEZINQUMO ZISUKELA ELWAZINI OLUNGATHOLAKALA. KULE-ATHIKHILI I-DIGITAL PLATFORM AGRICLOUD ICHAZWA NGOKUTHI KUZOSIZA ABALIMI ABALIMA KANCANE NOKWENZA IZINQUMO ZOSUKU NOSUKU.

Umpakathi olimayo ezweni lonke kudingeka ukhiquze ukudla okuningi njengoba inani labantu emhlabenzi kulindeleke ukuba lifinyelele ku-9 billion

*U-Nico Kroese, Imenjeni:
Yophenyo neNtuthuko, eZesimo Sezulu
eNingizimu Afrika. Thumela i-imayili
ku-Nico.Kroese@weathersa.co.za*



ngo- 2040. Bonke abalimi abakhulu noma abancane kudingeka bawukhulise umkhiqizo wabo okhona ukuze kondliwe lezi zinkumbi zabantu eziya ngokuphucuzeka. Ukubhekana nezinselelo nobungozi obumayelana nokuguquguquka kwesimi sezulu okunjengesomiso nezikhukhula, izimo zezimakethe



IZWI ELIVELA KU...

Liana Stroebel

NINGI LABALIMI EZINDAWENI EZIKHIQIZA UMMBILA NJENGEZINGXENYE ZAKWAZULUNATAL, EMPUMALANGA NASENYAKATHO NENTSHONALANGA, U-2019 AWUBANGA UNYAKA OLULA NGENXA YEZIMVULA EZINE SEKWEDLULE ISIKHATHI. EZINYE IZILIMO ZAVUKA ZAKHULA KAHLE KANTI EZINYE AZIVUKANGA.

Ngezikhathi zamasizini afuze lawa, kubalulekile kubalimi ukuba baqale ukucabanga ngokuthi banga bunciphisa kanjani ubungozi ngesikhathi esizayo. Abalimi abaningi baguqukela kunothili uma kwenzeka ukuze bonge umswakama omningi wenhabathi, kanti abanye baguqukela kwezinye izinhlobo zamabhizinisi abo benza ezinye izinhlobo zezilimo noma baqinise izinhlobo zemfuyo yabo. U-Charles Darwin uthi, 'akuwona amaspisisi aqinile aphilayo, futhi akuwona ahlakaniphe kakhulu. Yilawo ekwaziyo ukuguquka ngezikhathi zoguquko.'

Njengoba inqubo yokuvuna isiya ngasemaphetheweni, kubalulekile kubalimi ukuba bahlale ethembeni futhi bagxile ekuhleleleni isizini entsha ekhona. Kubalulekile ukuba ubuyekeze imikhuba yangesizini edlule. Ngabe ikhona into ebekufanele noma ngabe ukwenze ngendlela eyahlukile? Uma kukhona umlimi endaweni yakho eyaba nesivuno esingcono (nganani elifanayo lemvula), yini ayenze ngokwehlukile? Zibuze le mibuzo, yiba neqiniso kuwena uguqule nemikhuba yakho lapho kudingeka khona.

Ngenyanga kaJuni, futhi yisikhathi sokugxila ekuqinise-kiseni ukuthi unamadlelo anele okudlisa imfuyo yakho ebusika. Zama ukungadlisi ngokweqile emadlelwensi akho njengoba lokhu kungadala omonakalo ongapheli ekuhlumeni kabusha. Okunye futhi, izilwane zakho zasekhaya nazo zidinga ukudla, amanzi, umpheme uma kumakhaza. Zinakekele nazo ziyokwethembeka njalo kuwe.

Nginifisela okuhle kodwa kumalungiselelo akho esizini ezayo. Sebenza kanzima, iso lakho ungalususi enhlosweni yakho futhi uzowuthola umvuzo womsebenzi wakho. ■

Thola le-app yesimo...



1 Dawunloda i-AgriCloud app namuhla.

Ibhaliswa kanjani i-smart phone app

- Hamba ku-Google Play Store
- Sesha i-AgriCloud
- Dawunloda i-AgriCloud app
- Landela imiyalelo

Izibalo zakho (i-crowd sourcing)

Sisize ukwenza ngcono imininingwane ngokubika ngesimo sezulu osibonile epulazini lakho.

2 Ibhaliswa kanjani isevisi ye-AgriCloud USSD

- Dayela u- *134*8383#
- Cindezelikinobho lokufona
- Lindela impendulo
- Landela imiyalelo

Insizakalo yokubika ngokubonile

- Ukubhekwa kwesimo sezulu kusho ulwazi olungcono nezibalo.
- Izibalo ezingcono zichaza ukupathwa kwepulazi.
- Ukupathwa kangcono kwe-pulazi kusho isivuno esiphe-zulu nokuncipha kwezindleko zama-input.

2 Insizakalo ye-AgriCloud.

1. I-AgriCloud app ihlanganisa imininingwane yakamuva yesimo sezulu yabeluleki babalimi.
2. Izeluleko ziqondana nendawo ethile (ipulazi elithile).
3. Iziluleko zibuyekezwa zonke izinsuku.
4. Izeluleko ziyatholakala ngazo zonke izilimi eziyishumi nanye zaseNingizimu Afrika.
5. Imininingwane inikezwa ngokwe-AgriCloud u:
 - Imininingwane elungle.
 - Ngesikhathi esifanele.
 - Indaweni efanele.
 - Ngenhloso efanele.
6. I-mobile AgriCloud app itholakala mahhala.



Ngokusebenzisa i-AgriCloud app abalimi bangazikhulisa izivuno zabo nemali engenayo.

ezingahambi kahle azithayiseli ukuthuthuka kwepulazi futhi zenze ukuba kuphilwe ngokulima.

Ukwaswela amanzi, i-aksesi yomhlaba (eNingizimu Afrika) kanye ne-eksesi yowlazi oluthembekile ngezinye zezinga okuhlangabewene nazo. Bonke abalimi eniNgizimu Afrika, abakhulu nabancane badinga ulwazi oluthembekile mayelana nomlando, ngesibikezelo samanje solwazi lwasimo sezulu ukuze basungule bakhulise ukulinywa kweziilimo nokhiqiza imali yeminden yabo.

Idatha emayelana nesimo sezulu ikhona isukela ekutheni kubhekwe bukhoma, eziteshini zesimo sezulu, ezizishintshayo, amarada esimo sezulu, isethelaythi nezibikezelo zesimo sezuu eziwumbukiso phecelezi *modelling output*. Kodwa le mithombo yedatha ngokuvamile ayitholakali noma abayiqondi ababambe iqhaza kwezolimo futhi ikakhulukazi hhayi kubalimi ngamunye. Ngenxa yalokho, njalo ngonyaka, kubalimi abayizigidi, ukukhiqiza kunciphe kakhulu ngenxa yokuncipha kwedatha yesimo sezulu ebalulekile kanye nabelulekayo ngezolimo.

IMVULA YE-AFRIKA PHROJEKTHI

Ukuze kulungiswe lokhu, ophathina baseNingizimu Afrika Isigungu esiPhenza ngezoLimo phecelezi (*I-Agricultural Research Council: iklayimethi yenhlabathi naManzi (SCW)*) phecelezi – *Soil Climate and Water (i-SCW)* KanyenabeSimo seZulu eNingizimu Afrika (iSAWS) ngokubambisana nophathina base-Dutch kuprojekthi ebizwa nge-(*Rain for Africa*) (R4A). IPprojekthi ye-R4A igxile kakhulu kwezolimo futhi inhoso yalokho ukuba nomthelela emkhakheni wezolimo ngo-kwenza imisebenzi:

- **Abalimi:** *i-Small scale farmers (SSF)*, abalimi abalimela ukwenza inzuko nenhlango yabalimi.
- **Abanikeza izidingo kwezolimo:** *I-Agri-Business*, iminyango yezi-fundazwe kwezolimo, ama-cooperatives, ama-NGO's, njl.
- **I-abathuthukisi bezobuchwephesheshe bezoLimo:** *I-IT Application developers*.

I-AGRICLOUD APP

Uku-adopthwa kobuchwephesheshe obusha ngenye yezindlela umlimi angakhulisa sivuno nemali engenayo kodwa ngokuvamile le zidino ziyakhokhelwa. Isinyathelo esilandelayo ukuhumusha imininingwane yesimo sezulu ngokwezeluleko zezolimo. I-AgriCloud yisistimu yeseluleko sesimo sezulu ngokusekelwa ngezolimo esitholakala ku-*online* lokho ukucebisa isimo sezulu kanye nedatha yeklayimethi enedatha yezolimo kanye nolwazi lwendawo futhi kusungula isikhathi sangempela isibikezelo esinegama nezexwayiso.

I-AgriCloud portal izidingo zomnotho ezisiza *i-Agri-business*, ama-cooperatives nabalimi ukwenza izinqumo ezephusile zokupathwa kwepulazi ukuze u:

- Sebenzisa kahle ama-*inputs* epulazi.
- Nciphisa ubongozi obuhambisana nesimo sezulu neklayimethi.
- Yenza ngcono ukukhiqizwa kokudla ngendlela eyisikhathi eside. Xhumana ne-ARC, i-SAWS noma uvakashela iwebhusayithi ka-R4A uthole ulwazi ngezidingo ezibalulwe ngenhla.

I-AgriCloud app ikakhulu iqondiswe kubalimi abalima izindawo ezincane phecelezi *i-small scale farmers (SSF'S)*. Le misebenzi emincane elandelayo ibekelwe izilimo ezondliwa yimvula:

- Iseluleko ngokutshala.
- Iseluleko sokufafaza ama-*herbicides*.
- Iseluleko sokufafaza ama-*pesticides*.

Kubalimi abalima izindawo ezincane le sidingo sitolakala **mahala** futhi singadawunilodeka nge-aplikheshini ye-smartphone etholakala ku-Google Play Store yamafoni ayi-Androy noma itheksthi elula yesevisi u-(USSD/SMS). I-app yavivinywa phakathi kwama-SSF amanangi kanye nababenza kuzengezelelo kuzozonke izifundazwe. Ukuphawula kwabasebenzi ngesikhathi sesigaba sokuvivinya singafinqwa njengento enhle.

ISIPHETHO

Ziyinqwaba izinqumo umlimi okufanele azenze ezizoxazulula amafektha obongozi amhaqile. Ukulawulwa ubongozi ngaphandle kwazo zonke izinsiza namathuluzi ngeke kusivala isikhala sokupathwa kwamakhono atholakala ngolwazi, ulwazi onalo, isisusa, nesinqumo esihle nobuhlakani I-AgriCloud app yithuluzi elingasiza nokweluleka abalimi benze izinqumo ezingcono. Uma ufuna imininingwane egcwele, vakashela ku-www.rain4africa.org. ■

I-AGRICLOUD APP

I-AgriCloud yi-mobile app yamahhala kuma-Android phones, uyi-dowuniloda ku-Google Play Store. Kunikeza abalimi umhlahlandela wabalimi wokukhetha izinsuku zokutshala ummbila owondliwa imvula endaweni ethile epulazini labo. Lolu lwazi lususelwa emvuleneyatholakala eminyakeni eyishumi edlule kanye nasesibikezelweni semvula ezinsukwini eziyishumi ezipayo.

Kuphinde kunike iseluleko ngesimo sezulu esilungele ukufafazwa kwama-*herbicide* nama-*pesticide* ngezinsuku ezintathu ezipayo. Ama-Extension practitioners, ama-NGO nabanye abasebenza nabalimi anga-dawunloda i-app futhi ubhalise abalimi abanangi ukubasiza ekutholeni imininingwane. Ulwazi olufuze lolu nalo luhkona kulabo abalusebenzisayo lwama-foni alula nge-USSD sevisi (*134*8383#).

Ngabe yini engingayilindela kwabangimele esigungwini sami?

UMHLANGANO WAKAMUVA WE-GRAIN SA WABANJWA NGASEKUQALENI KUKAMASHI KWABA KHONA UKHETHO NOKUKHETHWA KABUSHA KWENQWABA YABAMELE AMABLIMI ABAZOSEBENZA ESIGUNGWINI SAKWA-GRAIN SA. UMBUZO OVUKAYO, NGABE YINI ABAYENZAYO LABA BANTU NOKUTHI YINI ESINGAYENZA, NJENGAMALUNGU NJE ABHADALILE AKWA-GRAIN SA, ESINGAYILINDELA KUBO?

I-GRAIN SA YINHLANGANO YE-GRAIN COMMODITY

Kubalulekile ukuqondisisa ukuthi i-*Grain* SA yinhlango eyasungulwa abalimi ukuze iseve intando yabalimi. Abalimi kudingeka banikeze konke ukugxila kwabo ekuqhubeni imisebenzi yebhizinisi labo lokulima kodwa futhi miningi imicimbi kulo mkhakha obanzi odinga ukunakwa wochwepheshe. Leli thimba eliholwa yi-CEO, uMnu. Jannie de Villiers, liklanyelwe ukubheka uhlangothi, lwezopolitiki, ezomnotho nesimo nhlalo sezwe kokubili okwakuleli nakwamanye amazwe futhi kuhlolwe ukuthi umthelela wentuthuko womkhakha wezolimo kanye nokulinywa kokusanhlamu ikakhulukazi.

Ochwepheshe abaqaqshe yi-*Grain* SA, inethiwekhi ebanzi namamonitha nokuhlaziya intuthuko emkhakheni bese bedlulisa iminininingwane ngokwamakomidi ahlukene. Abamele abalimi bacabanga ngentuthuka futhi baphendule ngalokho okulangazelelwe abalimi banikeze abaphathi umhlahlandlela mayelana nokuthi bangaphendula noma bephawule kanjani ngentuthuko. Isibonelo, ngenkathi kufika izindaba zokuhlasela kwe-Fall Army worm, ithimba lethu labacwaningi labambe elukhulu iqhaza ekulandeleleleni indlela yomonakalo odalwa yisibungu. Baphinda masinyane bathola futhi bazisa abalimi mayela namaphrothokholi ukulawula izinambuzane emasimini ethu.

IZINDAWO OKUGXILWE KUZO

Ithimba lisemthethweni futhi libheke izingxenye eziningi ezalhukene. Ezinye izibonelo yilezi:

- Umkhakha wezoPhenyo neNtuthuko oqapha ukuba ngcono kwezilimo njengokuthuthukiswa kwe-cultivar, ukuvikeleka kwestilimo e.g. ukuqapha izinambuzane nezifo. Baphinde babheke kwi-Conservation Agriculture ephromotha impilo yenhlabathi, ukunciphisa ithileji namamonitha anomthelela kwisimonhlalo afana namanzi. Okunye futhi, ipholisi yokumonitha nesishayamthetho ukuze imiThetho neMthetho sivivinywa namaPholisi e-afektha abakhiqizi bokusanhlamvu kuzokwabelwana ngakho uma uphasiswa.
- Umkhakha woMnotho wezoLimo ibheke izinhlobo eziningi zama-instrument assetshenziswayo kulo mkhakha anomthelela emnothweni wokusanhlamu, kusukela kukhomodithi nasemnyakazweni wamanani entengo yama-input, amanani entengo yokuthengwa kwamanye amazwe, izingxoxo zedizili, imibiko yokukhiqiza nezilinganiso zesilimo, ukuguquguquka kwsimo sezulu namapholisi nentuthuko njl.
- Ukhongolose unike Ezokuthuthukiswa kwabali iThaskhi lokuba babambe iqhaza kwinqubo yokwabiwa kabusha komhlaba, ukujinisa ibhizinisi lokulima nokukhulisa ukuvikeleka kokudla.
- Ukuhlanganisa umkhakha wezolimo nowezopolitiki umsebenzi kachwepheshe nabaholi benhlangano.

U-Jenny Mathews, umbhalawi Pula Imvula. Thumela i-meyili ku-jenjonmat@gmail.com



• Umkhakha wezimakethe nokuXhumana umsebenzi wabo ukwakha ubudlelwano phakathi kwabali kanye nabanye abathanda lo mkhakha.

Lolohla aluphelele kodwa okungenani uphawu oluncane leskophu esikhulu semisebenzi namathaskhi angamanxusa ethimba labaphathi bakwa-*Grain* SA.

*Kubalulekile ukuqondisisa ukuthi i-*Grain* SA yinhlango eyasungulwa abalimi ukuze iseve intando yabalimi.*

NGABE BAHLELWE KANJANI ABALIMI?

- Amalungu abalimi akhetha amanxusa azobamela asuka ezifundeni ezalhukene.
- Abalimi abangamanxusa bethamela Umhlangano woNyaka wabali kakhwa-*Grain* SA phecelezi i-*Grain* SA's Annual Congress of farmers.
- Amanxusa eNhlango akhetha isiGungu, abizwa ngendlu yangaphakathi njenge 'Hoofbestuur'.
- Inhlango futhi waqokwa ukuba abe uSihlalo noSekela sihlalo ababili. Qaphela: Umhlangano ka-2019 ukhethe uJaco Minnaar njengoSihlalo no-Derek Mathews noRamodisa Monaisa njengosekela-sihlalo.
- Isigungu sabe sesikhetha Ikomodi leSigungu – lokhu kufaka phakathi uSihlalo, Osekela sihlalo ababili kanye namanye amalungu amane.
- Ikomodi leSigungu, elibizwa nge-in-house njenge-'Dagbestuur' libanda-kanya nabaphathi kanye nokubhekwa kwebhizinisi usuku nosuku, ezimalini kanye nezingumo zokutshala (imali) kanye nemisebenzi yabantu phakathi kwamanye amathaskhi.
- Isigungu kanye namalungu amathaskhi asebenza kumathimba phecelezi ama-Working Group (WG) ayisipesheli, ahlangane namathimba abalimi abasebenza eSigungwini kanye namalungu abaphathi. Bagxile ezindaweni ezithile abazithandayo, isib. ikhomodithi ngayinye ine-Working Group eSipesheli egxile ezindabeni ezihlukile kuleyo khomodithi okubalwa kuyo inhlalo yendawo yezimakethe, ukwehla nokwenyuka kwamanani entengo, isishayamthetho kanye nezidingo zophenyo ngesilimo ngasinye. I-Editorial Team igxile kokuqukethwe yiphephabhu le-*Grain* SA kanye ne-Farmer Development WG bagxile emsebenzini owenziwa abaphathi be-Farmer Development njl.

ABABAKHULUMELAYO

Kungani kubalulekile ukuthumela abaholi babalimi abakhuthele, abahlanganyelayo nabakwaziyo ukukhulumka hale ukuba bakumele njengamanxusa kuKhongolose?

Ngokomthethosisekelo wenlangano, iNhlango yamanxusa njl. Abakhulumela abalimi abethamele iseshini yeNhlango y-Grain SA **yizikhulu eziphezulu zenhlangano**. Uma inhlango yenza isinqumo, siyama! Lokhu kusho ukuthi kuba umthetho oyisisekelo senhlangano futhi uzosebenza njengomyalelo wethimba eliphethe. Yingakho kufanele ukuba ucacelwe ukuthi ufunani.

Njengeqembu labalimi, kudingeka nithole izwi elijwayelekile ENIZOLITSHELA AMANXUSA ukuthi nifuna akhulume ngani. Angumgudu wenu wokukhuluma ukuthatha izindaba zenu zesifunda, izikhalo, izinselelo izinselelo nemibono kupulatifomu yeNhlango.

- Amanxusa akho kufanele aye eNhlanganweni EYOMELA isi-funda sakho nalaba abathile uma bevuma ukukukhuluma. Okunye futhi, kufanele bazilungiselele ukuvotela irijinali eyodwa ezobamela njengeLungu leSigungu eSigungwini ozimisele ukuseva okungenani ithemu eyodwa ethatha iminyaka emibili.
- Inxusa lakho eSigungwini kudingeka sizimisele UKUXHUMAN - IZINDELA EZIMBILI!
- Amalungu esigungu kufanele bayisho imibiko yabalimi eSigungwini futhi kufanele babuyele ezifundeni zabo behambise imibiko yezingxoxo nezinqumo noma izindaba zemkhandlu nentuthuko kubalimi babo ababameleyo. Kufanele ULINDELLE IMPENDULO ejwayelekile. Futhi kufanele ukuthi uqiniseke ukuthi ilungu lesiGungu sihlezi lixhumene yezinkinga zakho futhi uyazikhuluma esikhundleki sakho.
- Uma UZITHEMBA ukuthi Okumele esiGungwini. Ngaleso sikhathi uyazazi izinkinga zakho zizoxoxwa noma kuphikiswana kuleso sigaba. Ngempela, akuzona zonke izinkulomo mpendulwano ezifinyelela kumphumela olangazelelwengenxa yokuthi miningi imibono ekulelo zinga, kodwa uma inxusa INGAZANGE IZISHO IZINKINGA ZAKHO pho inhlango zikwazi kanjani ngabo?
- Ukebenza njengelungu lesiGungu sakwa-*Grain SA* kuyinto enkulu, kodwa futhi ukuzibophezela. Amalungu awakhokhe-Iwa iholo (ngaphandle kwezindleko zokuhamba nemadlana encane yosuku). Lo umsebenzi wokuVOLONTIYA lapho abalimi beSEBENZELA umphakathi wabo futhi basebenze njengoCHWEPHESHE esikhundleni sabalimi babo.

ISIPHETHO

Ekugcineni, umsebenzi wabo bonke abalimi ukuhlala bexhumele nababamele futhi babuze nemibuzo. Qinisekisa ukuthi bakhona abakumele emazingeni aphezulu enhlanganweni. Babikele ngezinkinga zakho ungakhathali ukuthi zibukeka zinkulu noma zincane kangakanani. Ithimba linolwazi olukhulu futhi lizimisele ukusiza umlimi ngamunye ngezinkinga ezikhathazayo, ngisho ezigabenzi zokusiza umuntu nomuntu. Uma ungakhumi, ngeke bezazi izinselelo obhekene nazo ukuze bakusize. ■



Umhlango ka-2019 wabanjwa ngomhla ka-6 no-7 kuMashi 2019 e-NAMPO Park.

Ukulawula ukhula njengamanje kuzoku-afektha kanjani ukuhlelela unyaka ozayo

UKULAWULWA KOKHULA YINTO YOKUQALA EPHE-ZULU KAKHULU EKUKHQIZWENI KWEZILIMO NAMADLELO. UKHULA LUNGADALA OBUKHULU UBUNZIMA BOKULAHLEKELWA YISIVUNO KUMASIRIYELI IZILIMO ZIKAWOYELA NAMADLELO UNYAKA NGONYAKA UMA LUNGALAWULWANGA NGOKUFANELE. NJENGOMLIMI KUFANELE USAZI ISIMO SOKHULA EZINKAMBINI ZONKE EPULAZINI LAKHO. ULWAZI LUNGA-MANDLA.

Ukulawulwa kokhula ngokufanele kuncike kumafektha amanini. Kubalulekile ukulandela imiyalelo ekulebula *ye-herbicide* ngayinye ofisa ukuyisebenzisa. Uhhafu nokusiphinda kabilis isikali esikhundleni *se-rate* enquyiwe kungasheshisa ukuqala kokhula olunenkan kuma-*herbicides* epulazini lakho. Uma lokhu kwenzeke, kungadala ukuba abalimi bathathe izinyathelo ezinqala ukuqedu ukhula olungazweli kuma-*herbicides* emasimini.

I-APLIKHESHINI YE-HERBICIDE

Uku-aplaya i-*herbicide* ensimini kuthi kudinga umthamo wamanzi olungele. Uma u-aplaya i-*herbicide* emanzini amancane kakhulu, ngeke uthole i-*herbicide* eyanele yokwemboza lonke ukhula ofuna ukuluqed. Uma umthamo wamnzi uphezulu kakhulu i-*herbicide* ingageleza isuke esitshalweni nalokho futhi kuzokwenza ukuba ukhula lungalawuleki kahle. Ikhwalithi yamanzi nayo ingaba nomthelela wokusebenza kwe-*herbicide* e-aplayiwe. Uma sifafaza ingxube, qiniseksa ukuthi umkhiqizo ofisa uku-aplaya ingahlanganiswa, ngaphandle kwalokho kungadala omkhulu umonakalo esitshalweni sakho noma edlelweni. Uphinde uqinisekise ukuthi uma u-aplaya *i-post emergent herbicides* lokho kwenzeke esigabeni esifanele sokuhula kwasilimo.

Umlimi kufanele wazi ukuthi ukwehlukanisa kwasikhathi semkhiqizo kungahlukana nokuthi lokhu kuhlukanisa kwasikhathi singaba sifushane noma sibe side kuya ngeklayimethi nempiyo yayo enhlabathini. I-*herbicide* ethile nakho kungaba nomthelela obulalayo empilweni yenhabathini, kucindezelan inani le-*micro-organism* enhlabathini. Kungani kubalulekile ukwazi ubude bezikhathi zokwehlukanisa? Uma utshala isilimo esibucayi ku-*herbicide* ethile oyisebenzisile kulo nyaka, kungadala isimo esinezinkinga ezinkulu ngokumila kanye isisndo desitshalo enkambini. Uma ulahlekelwe yizitshalo eziningi futhi kusale izilimo ezibalwa ezimile, lokhu kuvulela ukhula umnyango wokuncintisana.

Ngisho noma ungalalela imithetho yokutshala isilimo ulandele ukusebenza kwama-*herbicide* athile, yize kunjalo iklayimethi ingadala umthelela ngesizini elandelayo. Lokhu kungenzeke kalula uma ama-*herbicide* abefakwe ngonyaka wesomiso nalapho izinsaleda zama-*herbicide* zingephukanga zonke. Lokhu kwenzeke izikhathi ezintathu kule minyaka emibili noma emithathu iminyaka yesomiso eyedlule eNtshonalanga neKapa. Ngakho ke kubaluleke kakhulu ukuba uyifunde ilebuli futhi wazi ngobude balezi zikhathi zokumumatha ngoba ama-*herbicide* athile kawadingi isikhathi esithile, kodwa futhi inani elithile lomswakama ukuze ephuke ngokufanele.

UMJIKELEZO WEZILIMO

Ukuvikela ukungazweli kwama-*herbicide*, kubalulekile ukujikelezisa izilimo nezindlela zokuthathela ama-*herbicide* izinyathelo. (ngakho kusuka emaqenjini angefani). Okufanele ukujikelezisa izilimo esinamahlamvu

**U-Dr Johann Strauss, i-Senior Scientist,
kuMnyango wezoLimo eNtshonalanga neKapa.
Thumela i-imeyili ku-johannst@elsenburg.com**



amakhulu namasiriyeli noma izilimo eziwutshani ukwenza kubelula ukulawula izinhlobo ezithile zama-*herbicide*. Inhlosso ukulawula ukhula oluwtshani kuzilimo esinamahlamvu amakhulu ukze kuzoncipha ingcindezi noma bungabi khona utshani ubuwukhula kulezi zilimo zesiriyeli ezilandelayo ne-vaysi vesa ngokhula olunamahlamvu amakhulu Iwezilimo zesiriyeli.



Lawula ukhula lungakabi nembewu.

Uma uzithola ungaphansi kwsimo lapho ukulawula kwakho ukhula kungasebenzanga ngendlela obukade uyicabanga, hleze kungadingeka ukuba uphinde ucabange ngohlelo lwakho lwasizini elandelayo. Ake sithi ngonyaka ka-2018 watshala ukolo futhi waba nobunzima bokulawula ukhula olunamahlamvu amakhulu ngesizini, ngakho ke ukungeza isibalo esikhulu sembewu yokhula enhlabathini yebhange lembewu, futhi ubuhlele ukutshala isilimo esinamahlamvu amakhulu ngo-2019 bekungaba yinto efanele ukuba uguqule izinhlelo zakho.

Okungenani ungatshala esinye isilimo sesiriyeli ukuze uzoba nenyi isizini ukwazi ukukhipha isilimo esinamahlamvu amakhulu. Ukuyona inhlosso, kodwa ngokuhamba kwsikhathi kuzoba nomvuzo ukuncipha ibhange lembewu yokhula. Lapho usungaphinda unqume ngokutshala



Successful people do what unsuccessful people are not willing to do. Don't wish it were easier; wish you were better.

~ JIM ROHN



ukolo futhi (kodwa kulungile kuperha uma ungenazo izinkinga ngokhula lotshani futhi) noma ungatshala *i-oats* njengesilimo sehhoyi ukuze ukwazi ukulawula ukhulu olunamahlamvu amakhulu futhi kungenzeka kube ukhula lotshani olungamila. Ngokunquma *i-oats* njengehhoyi uzovikela ukhula lwamahlamvu amakhulu notshani ukuba lube nezinhlamvu. Uma lokhu kuperumelele ungaphindela emuva emjikelezweni wakho.

Kwenzeka okufanayo kuzilimo ezinamahlamvu amakhulu lapho uhangabezana nobunzima bokulawula ukhula lotshani. Ake sithi utshale ikhanola futhi ukulawula utshani bekusezingeni eliphansi, okungenani tshala omunye unyaka wesilimo esinamahlamvu amakhulu omunye unyaka, njengophizi, noma uluphini. Ukuthola elinye isu lokulawula ukhula ngaphambi kokuphindela emuva kumjikelezo wakho wemvelo. Lapha futhi ungakhetha ukutshala isilimo sefoda noma

ingxube yezilimo eziyisembozo bese udedela ukhula lumile bese wenza amabhele ngalezo zilimo noma uphizi ngaphambi kokuba ukhula lube nezinhlamvu.

Kubalulekile futhi ukulawula ukhula ngesikhathi sokuphela kwesizini. Ukhula lusebenzisa amanzi obekufanele ngabe agcineke enhlabathini alindele isizini elandelayo. Ngakho uma utshala izilimo ezindaweni ezithola imvula ebusika, lawula ukhula lwasehlobo kanti futhi enye indlela uma utshala izilimo ezindaweni ezithola imvula ehlobo.

Khumbula ukubaluleka kokugcina izibalo zembewu yokhula ziphansi uvikele ukuncintisana nezilimo zakho. Funda amalebulu emikhiqizo ofuna ukuyisebenzisa futhi uhlele isilimo nomjikeleziso *we-herbicide* yepulazi lakho kanye nomeluleki wakho. ■



Ukhula ludinga ukulawulwa esigabeni sokuqala.

UKWENZA INGCEBO, kudinga imali

NGEMPELA UZOBUZA LO MBUZO 'KUNGANI LE ATHIKHILI IMAYELANA NENGCEBO? NGABE IHLANGANAPHI NOKUPHATHWA KWEZOLIMO? UMBUZO OMUHLE, KODWA UMBUZO OLA-NDELAYO. NGABE ULIMELANI?

Ingcebo, ngokwesichazamazi, kuchazwa njengokuba nendathane yempahla ebalulekile noma izinto ezifiswayo noma imali noma yisimo sokuceba. Ukuceba noma ukunotha ukuba nemali eningi kakhlulu, amarisosi noma impahla. Umuntu ocebile noma onothile ngakho umuntu onomhlaba omnini ne/noma enye impahla, amabhizinisi ukuba nama sevingi amanangi, ukulondoloza nokunye. Ireferensi ejwayelekile yazo zonke le zinto ukuthi *i-value* yazo uchazwa ngokwe-*R-value* noma ke ngokwe-*value* yemali.

Asiphinidele embuzweni wethu oyisisekelo wokuthi silimelani? Empeleli, ukwenza imali. Ungayenza kuhela imali uma kuhona omsebenzelayo bese ithola iholo noma uzisebenze wena futhi uzikhokhele. Okujabulisayo, iningi labantu abanothile banamuhla bangosomabhizinisi. Ngamanye amazwi, banebhizinisi labo/amabhizinisi. Ngakho ke, sesibuyeles esititimendeni isiyisisekelo, ukwenza imali ebhizinisini lakho kufanele wenze inzuzu wonge imali yokuthenga enye impahla noma izinto zakho. Uma lokhu kungalona iqiniso awusoze waba yisicebi. Kodwa, sonke siyazi ukuthi ukwenza inzuzu ekulimeni akulula ngenxa yobungozi bonke ububandakanyekayo.

Kuma-athikhili ethu amanangi adlule sichazile kuwo izindlela zokusiza ukwenza inzuzu. Ukwahlukana, kwenza ngcono ikhwalithi yomkhiqizo, yenza ngcono ukumaketha, ukukhiqiza, yizinto ezimbawla okuxoxwe ngazo. Kakhulukazi lokhu kuwubuxhakaxhaka kancane, ngakho asibheke ezinye izinkomba ngokuqondene ngqo nomuntu ukusiza ukwenza umzamo kanti ekugcineni sizoyenza ungcebo.

LANDELA YONKE INDLELA

Landela imithetho nemigomo yezwe lethu. Ukwenze njalo kuzonciphisa izinkinga nokukhathazeka. Kukhulula amandla afanele nesikhathi soku-gxila ezintweni zokwenza imali ebhizinisini lakho. Ngabe ugandaganda wakho unelayisensi eqondile noma uyakhathazeka ngawo? Ngokungalandeli imithetho lokho kungagcina sekukubiza imali.

Khumbula, awulimi endaweni yakho wedwa. Into oyenzayo noma ongayerzi epulazini lakho ingaba nomthelela embonini yonke. Ukubeduka kwakamuva kwesifo samatele kwadalwa umuntu owayehambisa imfuyo esulelekile budedengu. Ukubheduka kwe-listerioses ngonyaka odlule kwaqala embonini eyayingahlanzekile ngokusezingeni nokwadala omonakalo emboni yonke yezingulube. Ukubheduka kwesifo *i-rift-valley* ngo-2010 nakho kwayafika engqondweni. Izimvu azinokolotwanga njenqoba kwakufanele, kwadaleka zonke lezo zinkinga embonini yezimvu.

Ukulandela imithetho kusho ukuzibophezela. Kudinga ukuzithiba futhi kungakongela nemali.

THELA IZITHELO

Thela izithelo ngokuhlelela phambilu futhi uzindle ngezinkinga ngaphambi kokuba ziqale. Asitheli izithelo njalo njengoba kufanele. Ngenxa yalokho, asisebenzi ngokufanele futhi sichitha isikhathi kanti isikhathi 'isikhathi yimali'. Hlala izindlela zokusekela uma kwenzeka amasistimu akho ajwayelekile engasebenzi, afana nokuphazamiseka kokuxhumana kanye nogesi. Amabhethri ayisipele nama-modemu engasiza ukugcina isistimu isebenza.

ISIKHATHI ESINGEKHO MATASA SISEBENZISE NGENDLELA

Zihlale zikhona izikhathi ezingekho matasa epulazini. Lezi zikhathi zisebenzise ukwenza ukunakekela kokuvikela emishinini yakho

Ngu-Marius Greyling, umbhalu wePula Imvula. Thumela i-imeyili
ku-mariusg@mcaacc.co.za



nasempahleni. Lokhu kusiza ukuvikela imishini nempahla ukuba ingephuki kalula ngesikhathi sokuba matasa. Nonke nizokwazi ukuthi kungakhathaza kanjani ngesikhathi umshini wokuvuna wephuka ngesikhathi sokuvuna noma *i-planter* ngesikhathi sesizini yokutshala. Ngaphansi kwezimo eziningi, ezifana nokwephuka bekungavikeleka ngokunakekela ngesikhathi. Ukunakekela kokuvikela futhi kwelula impilo yempahla futhi konga imali ngokuhamba kwasikhathi.

*Ibhizinisi alikaze libe lula, kodwa lifanele.
Njalo kufanele ukwenza imali
nempilo oyifunayo.*



HLALA UPHILILE

Ngokuphumula, ukuzivocavoca njalo nokudla okunempilo uzohlala uphilile. Ukuba nempilo kuyakusiza ekutheni ucabange ngokucacile, amandla amakhulu, isivinini nangkhono lokusebenza.

YIBA NEKHONO LOKUSUNGULA NOKUSEBENZISA UMQONDO NGOKWEJWAYELEKILE

Ukwenza amandla okusungula nakho kuyakhokhela kanti ukusilela kwako noma ukungawusebenzisi umqondo wakho kuba yizindleko ebhizinisini. Qinisekisa ukuthi usebenzisa okuphathekayo, izixazululo ezingayiazulula inkinga. Un gesabi ukuxhumana nabasebenzi bakho mayelana nezixazululo eziphathekayo.

YAKHA UBUDLELWANO OBUHLE

Ukwakha ubudlelwano obuhle naye wonke umuntu ubandakanyekayo ebhizinisini lakho – umndeni wakho, abasebenzi, amasaplaya, amakhasimende, nabeluleki. Ubudlelwane obuhle buzonciphisa ingcindezi futhi benze ngcono ukusebenza okuyimpumelelo. Yiba umlaleli omule ngokwenza isikhathi sokulalela abanye abantu.

Ngokwakha ubudlelwano obuhle wakha isimilo esiqinile esisekelwe ubuqotho nokuzibophezela. Lokhu kuzoba nomthelela ngqo *ku-value* yebhizinisi. Abantu bazokuhlonipha ngokwethembeka futhi kuzoba lula ukwenza ibhizinisi nawe futhi wenza umsebenzi ofanele.

YIBA NOMQONDO OQINILE

Okokugcina, ukuba nomqondo onamandla kubaluleke kakhulu ekukusizeni ukuba uqhubekile phambilu ebhizinisini lakho futhi ungalilahli ithembala. Ibhizinisi alikaze libe lula, kodwa lifanele. Njalo kufanele ukwenza imali nempilo oyifunayo.

UMTHOMBO

Imininingwane etholakele kule athikhili 'izindlela ezilula zokwenza ingcebo'
ngu-Peter O'Halloran – *i-Farmer's Weekly* 7 Disemba 2018 ■

Ibukeka yethembisa imakethe kakolo kuleli

E ATHIKHILI IBHEKA KAFUSHANE NGAMASAPLAYI KAKOLO EMHLABENI NAMANDLA OMTHELELA OZOBIA NAWO KULE SIZINI ENTSHA EMAKETHE YAKULELI.



U-Ikageng Maluleke, i-Junior Economist, yakwa-Grain SA.
Thumela i-imayili
ku-Ikageng@grainsa.co.za

UMBONO WOMHLABA WONKE

Amasaplaya kakolo eMhlabeni ancishiwi, ngenxa yesibikezelo sokwela komkhqiqizo ka-Kazakhstan ne-Iraq, ukusuka kwesilinganiso esiphezulu sase-Argentina ne-Australia (**Ithebula 1**). **Isilinganiso esingathunyelwa emazweni** ase-United States nase-Mexico sinciphile sonyaka wokumaketha ka-2018/2019, ngenkathi umkhqiqizo othunyelwa kwamanye amazwe e-EU nase-Brazil uphakeme. Ukuba ngcono kokuncintisana ngokuthunyelwa kwamanye amazwe kwakamuva e-EU kulindeleke ukuba kwenyuke kule ngxene yonyaka wezimakethe.

Ukuthumela kwamanye amazwe emhlabeni kukhushuliwe emazweni ambalwa okubalwa kuwo i-Algeria, iMorocco ne-Philippines, kanti kuncishisiwe eBangladesh, Mexico, Venezuela na-EU. Kuncishisiwe **uku-thenga emhlabeni**, ukulahlekelwa okukhulu kutholakale e-India. **Isitoko sokuvala emhlabeni** sika-2019 kubikezelwa ukuthi sizoncipha ngo-3,9% ngenxa yokuncishiswa okwenziwa amazwe ase-Asia kanye nokuncishiswa kwamazinga okufanele kuthengwe e-Argentina.

UMBONO WAKULELI

Uma kuqhathaniswa nonyaka wezimakethe ka-2017/2018, u-2018/2019 ube unyaka omuhle kumasiriyi asebusika, emva kokuvuka kusomiso onyakeni ongaphambili. Njengoba isizini yokutshala amasiriyi asebusika iqalile, isizini yokumaketha ka-2019/2020 ithembisa ukuba yinhle ezifundeni ezilima isiriyeli yasebusika. Isimo sezulu besisihle ezingxenjeni eziningi zesifunda ezithola imvula ebusika, nakuba ezinye izindawo zathola imvula eyejwayelekile noma izimo ezomile.

Uma sibheka emuva, umkhqiqizo ka-kolo wesizini yokumaketha ka-2017/2018 washona phansi (**Ithebula 1**) ngenxa yesomiso esihlasele isi-funda saseNtshonalanga neKapa, kodwa sibone uguquko oluhle ngonyaka

1

Amanani entengo kakolo eNingizimu Afrika nase-USA owethulwa eRandfontein.



Umthombo: Yi-Grain SA, 2019

wokumaketha ka-2018/2019 ngomkhqiqizo okhule cishe ngo-30%, nakho lokhu kubalwa kukho ukutshalwa kwezindawo ezintsha eFreystata. Nge-avareji yokuthengwayo okulinganiselwa ezigidini ezi-3 zamathani ngonyaka, iNingizimu Afrika iyunethi ethenga ukolo kwamanye amazwe njengoba umkhqiqizo wayo umncane kakhulu kunodinga ukuthengwa. Ngokwe-avareji iningizimu Afrika ithenga kwamanye amazwe cishe u-1,5 wezigidi zamathani zikakolo ngonyaka wezimakethe. Kodwa, ngesikhathi sonyaka wezimakethe ka-2017/2018 ukuthenga kwamanye amazwe kwenyuke cishe ngo-57% uma kuqhathaniswa nesizini yaphambilini.

Ithemba ngesizini entsha, njengoba iNingizimu Afrika selokhu iyunethi yokuthenga kwamanye amazwe kudingeka sibheke amafektha anomthelela kumanani entengo kakolo kuleli. Okokuqala, **isaplayi kakolo emhlabeni**, uma kukhqiqwala ukolo omnini emhlabeni, amanani entengo ayancipha, kanti uma umncane umkhqiqizo kakolo emhlabeni jikelele, amanani entengo ayenyuka. Okwesibili, **intengo kakolo** ezweni osuka kulo, obese kuhlangana ne-**rand dollar exchange**, bese kuba nomthelela kuntengo kakolo ongathengwa kwamanye amazwe (**i-import parity**); ukuba buthakathaka kwerandi kusekela kakhulu amanani entengo kanti ukuba namandla kwerandi kwandisa ingcindezi kudala ingcindezi yamanani entengo.

1

Isaplayi nedimandi kakolo eMhlabeni.

	2017/2018	2018/2019	
	Isilinganiso (Izigidi zamathani)	7 Febhuwari (Izigidi zamathani)	7 Mashi (Izigidi zamatha)
Umkhqiqizo	759,4	728,4	728,3
Isaplayi	1 014,0	1 005,7	1 003,6
Ukusetshenziswa	737,8	742,6	741,8
Ukuhweba	176,9	171,8	171,0
Isitoko sokuvala	275,3	266,9	264,7

Umthombo: u-Amis, 2019, Idathasethi ka-29 Mashi 2019

2

Isaplayi nedimandi kakolo kuleli.

Isaplayi nedimandi	2016/2017	2017/2018	2018/2019* (isilinganiso)
Umkhqiqizo (amathani)	1 910 000	1 435 000	1 840 000
I-avareji ethengwayo ngonyaka (amathani)	3 196 000	3 236 000	3 234 000
Izitoko zokuvala (amathani)	341 000	725 000	724 000
Okuthunyelwa emazweni (amathani)	935 000	2 175 000	1 520 000

Umthombo: Yi-Grain SA, 2019, Idathasethi yomhla ka-29 Mashi 2019

ISIPHETHO

Kubukeka kwangathi imakethe emhlabeni inokolo owanele wokusaplaya futhi ngenxa yaloko, amanani entengo emhlabeni azohlala engaphansi kwengcindezi enye isizini. Uma kubhekwa amanye amafektha amanani entengo kakolo eNingizimu Afrika, njengenethi yokuthenga emazweni angaphandle, nayo izosala ingaphansi kwengcindezi, ngaphandle kwesimo esingaphansi somkhqiqizo wemakethe yakuleli, kodwa ngokuqhubeka kokuba buthakathaka kungaba nomhlo-mulo emakethe. ■

ISIDINGO SOKUBAKHUTHAZA ABASEBENZI BAKHO

KUSHO UKUTHINI UKUGQUGQUZELEKA? UKUGQUGQUZELEKA KUTHATHWA NJENGENTO EKUMUNTU EMQHUBAYO UKUBA ENZE NGENDLELA ETHILE YIZE KUNGEKHO OKUNGAPHEZULU KULOKHO OKUMQHUBAYO. NGALOKHO KE UKUQGUQGUZELEKA KUNGAXHUNYANISWA NOKUTHANDA KOMUNTU. NGOKUVAMILE UMUNTU OGQUGQUZELEKILE WENZA OKUHLE IKAKHULUKAZI EMSEBENZINI. UKUQGUQGUZELEKA KUCHAZA UKUPHATHWA KAHLE NOKUSETHENZISWE KAHLE.

Ngabe kubalulekile ukuba nabasebenzi abagqugquzelekile? Noma, ngabe yini enhle ngokuba nabasebenzi abagqugquzelekile? Umsebenzi ogqugquzelekile umsebenzi okhiquzayo, ngamanye amagama wenza umsebenzi noma ithaskhi ngendlela elungile nangesikhathi esifanele nesilindelekile ngaphandle kokuqhube ka nokwelulekwa. Lo msebenzi uzowanakekela onke amathuluzi adingekayo futhi ewasebenzise amathuluzi ngokunakekela.

- Umsebenzi = Ikhono (angawenza umsebenzi) x Ukukhuthaza (uzofaka amandla).
- Ikhono = Ugqozi (ukuthanda) x Ukuqequesha x Impahla (ukuba namathuluzi afanele).
- Ukukhuthaza = Isifiso (ukuba nesifiso sokwenza umsebenz) x Ukuzinikela (ukwenza umsebenzi nangesikhathi).

Ngasohlangothini lwezimali kudingekile ukuba nabasebenzi abakhuthazekile. Le formula izophinda ibizwe ngokuthi yiNzudo/uKulahleke-Iwa = Imali engenayo-Imali ephumayo, lokho esikusebenzisile kuze kube manje ngokuphindaphinda ku-athikhili yethu. Ngenxa yokukhula njalo kwezindleko/kwentengo incidezi amabhizinisi ethu ezolimo azithola ekuyo, ukuphatha ngokufanele imali engenayo nekhishwayo kuba mqoka kakhulu. Abasebenzi abakhuthazekile bayasiza ngokuzibophezelu futhi bakhiqiza kakhulu.

UKUGQUQGUZELA ABASEBENZI

Ngalesikhathi, uzobe usuzibuze umbuso – kodwa ngingabakhuthaza kanjani abasebenzi bami?

Zibhekisise kahle wena njengomnikazi/umphathi. Ngabe ukhombisa umoya omuhle mayelana nebhibinisi lakho? Yisiphi isibonelo osikhombisayu uma usebenzisa impahla yakho yokusebenza? (ukwenza isibonelo amathuluzi) Ngabe uyabahloniphya abasebenzi bakho futhi ubaphathe ngendlela efanele? Ngabe usebenzisa inkambo yamazinga uma wenza ibhizinisi lakho? Ngabe uyawubekezelela umsebenzi ongemuhle? Ngabe ukhombisa ukuthanda othile? Ngabe uke ubasabise abasebenzi bakho na?

Ukugqugquzelu umkhakha wokuphatha futhi kuyavuka kuphinde kuwe kanye nomphathi. Kuyashesha futhi kulula ukudikibalisa abantu; kuthatha isikhathi eside namandla okubakhuthaza futhi kuyehluka ngomuntu nomuntu. Kubalulekile ukukhumbula, ukuthi ukwakha ithimba eligugquzekile ngokuvamile kungaphezulu kokuba kudikibalise kunokusungula ukukhuthazeka.

AMAFEKTHA ADIKIBALISAYO

Ngokujwayelekile amafektha adikibalisayo, nento ephinde kubizwe ngo-kuthi amafektha okwelapha, yizinkinga ezihambisana neholo nezinkinga

*U-Marius Greylings, umbhalivePula Imvula. Thumela i-imelyi
ku-mariusg@mrgacc.co.za*



zezimo zokuqashwa, ukweluleka ngokweqile, ukuhambisana nokweluleka, okuhambelana nabanye abasebenzi, okuhambelana nabangaphansi, izinkampani zamaphoyisa, imithetho nemigomo, izimo zokusebenza ngokozimba, izimo, umsebenzi wokuvikela, izinto ezincane nezingenangqondo zombuso ophethwe abasebenzi, ukulungiswa komsebenzi umphakathi kanye, nokwenzelela uma uqondisa izigwegwe.

Amafektha okukhuthaza noma amafektha angasetshenziswa kungaba ukubona impumelelo, ithuba lokukhula kwamakhono nolwazi, ukukhushu-lwa esikhundleni, ukhula komsebenzi okufanele uwenze, izinselelo emsebenzini, ukuxhumana okufanele nenhlonipho kanye nomsebenzi uqobo.

Bonke abantu bafta ukuphathwa kahle futhi basethenziswe kahle. Ngakho ke amafektha empathe nokusethenziswa kubaluleke kokubili. Uma kukhona elilodwa iqembu lamafektha anganakiwe, leli elinye iqembu eli lodwa ngeke libe namandla ngokwanele ukwenza okugculisayo emsebenzini noma usebenze kangcono. Uma kukhokhwa iholo elihle, futhi kutholakala nendlu enhle, kodwa umsebenzi ephoqelekile ukusebenza njalo, kuyadina, ukusebenza kanzima, ilanga liphuma lize liyoshona lokho ngeke akugqugquzeli. Okuphikisana nalokhu nakho kuyiqiniso. Uma umuntu enikwa ukueqeshwa kahle kanye nomsebenzi omningi kodwa abe elokhu ehola iholo eliphansi futhi baqhubeke nokuphathwa kabi, nakho lokho akubakhuthazi.

Omabili la mafektha alamaqembu futhi ahlukene ngemithelela yawo kumsebenzi. Umthelela wokuphathwa uyisikhathi esifushane. Isibonelo ungabheka amaholo. Umsebenzi uyeneliseka ngokwenyu-swa kweholo lokho kuthatha isikhathi esifushane - inyanga eyodwa noma ezimbili – okukhulu kakhulu, umthelela nokukhuthaza kuyaphela. Kufana nokulamba. Kukhona okudlayo, kodwa uphinde ulambe futhi masinyane. Isidingo semali esiningi kanye namanye amafektha okuphatha ngeke enelise ngokugcwele. Lokhu kumele ukukhula kwamazinga okulindela.

Amafektha okuphathwa afana nezindlu ezingcono, ukudla, izithuthi noma imali akunawo amandla anele okwenza abantu basebenze ngokuzikhanda. Kuphela ziba nomthelela omncane emsebenzini.

Ukugqugquzelu kwasikhathi eside, kodwa kungatholakala ngokwethula lawo mafektha adala ukuthi umuntu abe nogqozi lomsebenzi ngoba engakwazi ukusebenzisa amakhono akhe, ulwazi lwakhe noma ithalente lakhe. Okunye futhi ngenxa yokuthi engaqeqeshwa nangokuthi futhi imizamo enomdlalandia iyakhunjulwa: Lokhu sikubiza ngokuthi ukuqinisa umasebenzi phecelezi job enrichment.

ISIPHETHO

Amasethi omabili amafektha – impatho kanye namafektha okusethenziswa kufanele kuxazululwe kanyekanye. Uma amafektha okusethenziswa alaxaziwe, abasebenzi bazocela kakhulu amafektha okusethenziswa azokhulisa izindleko zebhizinisi. ■

UKUNAKEKELWA KWEMISHINI kwenze into yokuqala

EYODWA YEZINTO EZIBALULEKILE EMISEBENZINI YETHU YOKULIMA UKUNAKEKELA IMISHINI YETHU. NGOKUVAMILE SIYAKHOHLWA NGAKHO NOMA SIKUBEKE ECELENI NGOKUTHOLA IZINTO EZIBALULEKE KAKHULU OKUFANELE SIZENZE! KODWA, NGEKE SIKWAZI UKUWUZIBA LO MSEBENZI NGOKUCABANGA UKUBIZWA KWEMISHINI, KANYE NOKUNAKEKELA KWAYO NJALO NGONYAKA ESIBHEKANA NAZO UKUYIGCINA ISESIMENI ESIHLE SOKUSEBENZA.

Umkhuba omuhle wokunakekela ukuba nendlela eyodwa nokuzinikela ulandelele ngokwenza njalo!

Imishini yethu yokulima nempahla kwenziwe ngamaphathi amanangi ahlukene anyakazayo naphendukayo. Konke lokhu kunyakaza nokuphenduka kudala ukudleka nokuguga nokulephuka ngakho ke kudinga umkhuba wokunakekela ukuze zigcineke zisebenza ngaphandle kokuhhakeka. Ayikho into ekhathaza kakhulu njengokubambezeleka uphakathi kwsikhathi esimataso sokutshala noma sokuvuna okudalwa ukunganakekeli kwethu impahla yethu yokusebenza.

Ngokuvamile lokhu kusibiza imali eningi kunokuba ngabe sisevise yonke into ngaphambi kokuba umsebenzi ugale. Ngesikhathi esiholela kusizini yokutshala kufanele sizimisele mayelana nokuhlela ishejuli yokunakekela. Qinisekisa ukuthi ukhetha umshini wokuqala owenza umsebenzi onzima kakhulu nawe othembele kuvo.

Yenza isiqiniseko sokuwusevisa ngesineke lo mshini, kungaba *yi-planter* yakho noma *i-combine harvester*. Noma imuphi umshini, qinisekisa ukuthi uyawulungisa ube sesimeni sokusebenza kahle ngaphambi kokuba iqale isizini. Emshinini ngamunye bheka iphathe

*U-Gavin Mathews,
i-Bachelors in environmental
management. Thumeli i-imayili
gavmat@gmail.com*



ethile esindwa kakhulu njengama-*bearing* adonsayo namabhande. Uma uwanekekela kahle kakhulu lama phathi kubalulekile ukwenza into eyodwa ebalulekile uhlole umshini okokugcina ngaphambi kokuba umshini usuke e-shedi. Kulula ukuziba into encane ngakho qinisekisa ukuba ubhekisisa ngokucophelela. Uma usuqedile ukuhola kufanele uyikhiphe endaweni yokusebenza uyibeke endaweni evikelekile lapho kulula khona ukuyihhuka ihambe. Uma ingekho indawo embozekile zama ukwemboza umshini ngotapolo omkhulu ukuwuvikela ezintweni eziwumsuka phecelezi *elements*.

UKUNAKEKELA NOKUQAPHELA

Ngenkathi uyisebenzisa impahla, siyaphinda futhi ngeke sikhazi ukuyihlukumeza imishini yethu. Kudingkeke sizinakekele kahle futhi siqaphele ngezikathi zonke. Ngokuvamile indlela ezedlula zonke mayelana nokuhola emsebenzini ukuba nomkhuba ngaphambi kokusebenza phecelezi '*pre-work*'. Kubalulekile futhi ukuthi uwugxilise lo mkhuba kubasebenzi bakho Akube umhetho ukuthi ngaphami kokuba ugandaganda noma impahla yokusebenza ingene ensimini ukuthi wena noma abasebenzi bakho bahlole udizili / uphethiloli, owoyela namathayi ogandaganda na-kwenye impahla engumshini.

Uma sekwenziwe lokhu qhubekela *ku-drawn equipment* uphinde wenze isiqiniseko sokuthi onke ama-*bearing* afakiwe ugilisi, nokuthi onke amaphathi anyakazayo ahlolwe ngokucophelela. Qinisekisa ukuthi amaketango aqinile nokuthi azihambela kahle akukho lapho ebambeka khona. Lokhu kungaba umkhuba oyisisekelo wansuku zonke ogcizelelwayo kubasebenzi bakho. Lokhu kuhlola kungenzeka kuku-hlenge ekumeni okungadingeki, okungavama ukwenzeka kunokuba kungenziki ngesikhathi esiningi. Ngakho ungalenzi iphutha kulokho, okungenani sebenzela phambili futhi wonge isikhathi nemali ekuhambeni kwsikhathi.

UKUHAMBELA PHAMBILI NGOKUPATHA

Ukunakekela yinto eqhubeka njalo futhi kudingeka kube inqubo eqhubekayo ukupathatha ngokuhambela phambili. Ngeke senze kahle kukho isizini yonke bese siyayeka kuphunyuke uma ukutshala noma ukuvuna sesikuqedile! Ngaphambi kokuoqa yonke imishini uyigcinele isizini elandelayo geza yonke into ukuze ususe inhlabathi, ukungcola nowoyela nogilisi.

Hlanza onke ama-*cutting disc* nama-shears kancane ngebhulashi likawoyela omdala



Ayikho into ekhathaza kakhulu kunokubambeka phakathi nesikhathi sokutshala noma sokuvuna ngenxa yokunganaki kwethu impahla yethu.

PULA IMVULA

Ithimba labahleli

GRAIN SA: BLOEMFONTEIN

46 Louw Wepener Street
1st Floor
Dan Pienaar
Bloemfontein, 9301
■ 08600 47246 ■
■ Fax: 051 430 7574 ■ www.grainsa.co.za

UMHLELI OMKHULU

Jane McPherson
■ 082 854 7171 ■ jane@grainsa.co.za

UMHLELI UKWABA

Liana Stroebel
■ 084 264 1422 ■ liana@grainsa.co.za

UMLINGANI WEZOKUSHICILELA

INFOWORKS
Johan Smit ■ Ingrid Bailey ■ Marisa Fourie
■ 018 468 2716 ■ johan@infoworks.biz



Uhlelo IweGrain SA LokuThuthukisa amaFama

ABAQONDISI BENTUTHUKO

Johan Kriel
Free State (Ladybrand)
■ 079 497 4294 ■ johank@grainsa.co.za
■ Office: 051 924 1099 ■ Dimakatso Nyambose

Jerry Mthombothi

Mpumalanga (Nelspruit)
■ 084 604 0549 ■ jerry@grainsa.co.za
■ Office: 013 755 4575 ■ Smangaliso Zimbili

Jurie Mentz

Mpumalanga/KwaZulu-Natal (Louwsburg)
■ 082 354 5749 ■ jurie@grainsa.co.za
■ Office: 034 907 5040 ■ Sydwell Nkosi

Graeme Engelbrecht

KwaZulu-Natal (Dundee)
■ 082 650 9315 ■ dundee@grainsa.co.za
■ Office: 012 816 8069 ■ Nkosinathi Mazibuko

Luke Collier

Eastern Cape (Kokstad)
■ 083 730 9408 ■ goshenfarming@gmail.com
■ Office: 039 727 5749 ■ Luthando Diko

Liana Stroebel

Western Cape (Paarl)
■ 084 264 1422 ■ liana@grainsa.co.za
■ Office: 012 816 8057 ■ Hailey Ehrenreich

Du Toit van der Westhuizen

North West (Lichtenburg)
■ 082 877 6749 ■ duotoit@grainsa.co.za
■ Office: 012 816 8038 ■ Lebo Mogatlanyane

Sinelizwi Fakade

Mthatha
■ 071 519 4192 ■ sinelizwifakade@grainsa.co.za
■ Office: 012 816 8077 ■ Cwayita Mpotsy

IPULA IMVULA IYATHOLAKALA FUTHI NANGALEZI ZILIMI EZLANDELAYO:

IsiZulu,
IsiBhunu, isiNgisi, IsiTswana, IsiSuthu,
IsiSuthu saseNyakatho, nesiXhosa.

Articles written by independent writers are the
views of the writers and not that of Grain SA.

Ukunakekelwa kwemishini...



Qinisekisa ngokubheka onke amaketango futhi uqinisekise ukuthi agcotshwa kahle ngowoyela ukuze engathombi futhi ungabambeki ngesikhathi isizini ingekho matasa.

uwavikele ukuba engathombi. Onke ama-bearing wafake ugilisi futhi uqinisekise ukuthi akukho kulokho okudinga ukushintshwa. Uma ekhona adinga ukushintshwa, washintshe manje. Kuzoba yinto eyodwa encane ongayenza uma sekufika isizini entsha. Ungawayeki ama-hydraulic hoses ahlale enhlabathini. Okungenani wavale ngezikhwama zoplastiki bese uwaphanyeka phezulu futhi ungawabeki endleleni.

Yonke imbewu nemigqomo yomanyolo noma ama-hopper adinga ukuhlanzwa nokugezisiswa ngokufanele. Qinisekisa ukuhlola onke amaketango wenze nesiqiniseko sokuthi agcotshwe kahle ngowoyela ukuze engathombi futhi ahhake ngesikhathi isizini ingakaqlai. Onke amathange amakhemikhali nama-spray nozzles kufanele ahlanzwe ngamanzi ahlanzekile ngaphambi kokuba agcinwe. Noma yini encane okungenzeka ukuthi ebeyidala izinkinga isizini yonke kudingeka inakekelwe kahle ngaphambi kokuba leyo mpahlia igcinwe noma ke uzoqala isizini entsha ngezinkinga zisuka nje.

Ukwehuka nokubambezeleka kungadala incindezi kanye nokungakhqizi ngendlela efanele. Yingakho kubalulekile

ukuba ukunakekela kufanele ukuthathe njengento ebalulekile futhi ukwenze kahle ngokulandela umkhuba ngokuqinile ukuqinisekisa ukuthi yonke into isebenza kahle. Ngokusoba ukwephuka ngeke kugwemeke ngokuphelele, kodwa uma ukunakekela kwakho kuhamba kahle ngalokho zizonecipha izinkinga ezenzekayo zingenzeki njalo lokho kuzokwenza umsebenzi kuhambe kahle ngaphandle kwezihibe. ■



Hlola konke ukuvuza kowoyela.



THIS PUBLICATION IS
MADE POSSIBLE BY THE
CONTRIBUTION OF
THE MAIZE TRUST

MADE POSSIBLE BY
THE MAIZE TRUST